SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

   Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

6. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

8. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:

   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## OKUQUKETHWE

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 21 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE** | | |
| **Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Wakubona wakubeletha' | 17 | 24 |
| 7.2 'Umakhonya' | 18 | 25 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO** | | |
| **Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Usiba' | 18 | 27 |
| 8.2 'Ingqalabutho' | 17 | 29 |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| | NOMA | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| | NOMA | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| | NOMA | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Cha, impicabadala uqobo lwayo-ke lena. Eqinisweni angazi ukuthi ngingathi uma kunjalo uSandanezwe wakuthathaphi lokhu kufa ngoba ngimazi kungeyena nomuntu obukhali ngapha esifazaneni.'
'Asazi phela mntakadadewethu ngoba nalo msebenzi eniwenzayo uyasiheha isifazane ngemali, angisayiphathi eyale ngqephu eniyidlayo yemali eshisiwe,' kusho ikhehla sengathi lifuna ukumbonisa ukuthi yonke le nto ayishoyo **ubholoza ilumbo** nje, lona iqiniso liyalazi.
'Cha ibuhlungu le nto engiyizwayo malume. Okusho ukuthi uma sengiphindela emuva ngiyodlula ngimbone umzala. Kuyacaca ukuthi sengiyohamba zingakapheli izinsuku zami.' Sekuqhuba uZondiwe ebonakala ukuthi imphethe kabi le nto. 'Impela umhlaba lona usuyajika, uma sekuqala izifo ezingelapheki.'
'Asazi mshana noma sekusondele zona yini izinsuku lezo ezibalwa eBhayibhelini ukuthi ziyobonakala ngokuvukelana kwemibuso, nokubheduka kwezifo ezingelapheki njengoba kwenzeka.'
'Hhayi-ke, asazi lapho-ke malume.'
Baxoxa nezinye kwaze kwafika isikhathi sokuba behlukane. 'Hhayi-ke malume, nami ake ngihlawule amabele kadadewenu engawenza aba yimijwaqu ngananti iphepha elibomvu. Uxole malume, kulokhu umuntu akakwazanga nokuthi akuphathele nokuyinkantini.'
'Awu ungizalile mntakankehli. Bekuyini okuyinkantini kunemali, into ebuye isibangele izifo lena? Cha, mshana, usuyosibonela nathi kodadewethu, usidungulele nalo mkhuhlane womzawakho, usho ukuthi bengisazomazisa.'

[Isahluko sesi-2]

1.1 USandanezwe uhlobene kanjani noZondiwe? (1)

1.2 Caphuna umusho okhombisa ukuthi uZondiwe wafikelwa usizi ngesikhathi exoxa noMkhumane. (1)

1.3 Ngokwale noveli, ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uSandanezwe wayengeyena umuntu obukhali ezintombini? Sekela impendulo yakho. (2)

1.4 Kusho ukuthini ukuthi **ubholoza ilumbo** nje?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukukhuluma amanga
B Ukukhuluma iqiniso
C Ukugebenga abantu
D Ukufihla izenzo zakhe (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



SC/NSC Confidential
This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

1.5 Chaza ukuthi yini eyabonwa isayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 1.6.1 | Umnumzane | A | akakwazanga ukusiza uNonkamfela. |
| 1.6.2 | Uvuthondaba | B | kuvela inkinga kaSandanezwe. |
| 1.6.3 | UJiyane | C | wahlawulisa abathakatha uNokulindela. |
| 1.6.4 | Isingeniso | D | wanikeza uZabalaza umuthi wentando. |
| 1.6.5 | UNtshingila | E | ukugula kuyabhebhetheka kuSandanezwe. |

(5 x 1) (5)

1.7 Ngabe isihloko sale noveli ethi, *Ithemba Lami*, siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.8 Ucabanga ukuthi yini eyenza ukuthi uMzulazula angahambisani nesenzo sendodana yakhe sokweqa esibhedlela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Izenzo zikaZabalaza ziyahambisana nendawo akhulela kuyo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

'Hawu nkosi yami! Kodwa Sandanezwe ubekwa yini lapha? Ungaze ungibuze ukuthi ngifelwe yizwe nje uphumaphi? **Wanyamalalisa okomphefumulo**, awusabhali, awusathini, kwenzenjani, wahlekisa ngami ezweni ngenzeni?' Washo uNokulindela sezigobhoza izinyembezi.

'Kahle nkosazana ngamatshe, sengizophendula muphi ngiyeke muphi njengoba uyiletha iba yimvula nje? Lalela ntokazi ngikuchazele, ungathathi ngamawala ngoba akusho ukuthi lokhu okwenzekayo nami ngakwenza ngamabomu,' kuchaza uSandanezwe ezama ukupholisa ukunengwa kwentombi yakhe futhi eqonda kahle ukuthi kufanele axolise.

'Ngiyakuzwa Mkhumane, chaza ngilalele, bandla nami angiqonde kuthetha, mane ngenziwa yinhliziyo ebuhlungu nokumangala; ngicela ungixolele.'

'Yiqiniso lona lelo Nokulindela ukuthi sagcinana ngiye esibhedlela. Eqinisweni ngathi uma ngifika esibhedlela bathi ababoni lutho, gququ kamuva sebengitshela ukuthi ngangenwa yigciwane lengculazi. Ngokubona ukuthi bayangibhedela, ngaqoma ukuyofela ezinyangeni zakithi zomdabu. Kumanje nje ngelashwa ugalagala lwenyanga yakwaMbeje kuleliya laseMacekane kwesakwaMadlebe eMpangeni. Eyakhe imithi akuyona imishana lena esetshenziswa yiyo yonke imiphuphe yezinyanga. Eyakhe ilandwa ePutukezi naseMampondweni. Ukhokhovula uqobo lwakhe loya hhayi yonke imithuqasi lena eseyagcwala izwe lonke. Laphaya uzibonela ufika ukuthi kuyelashwa akudlalwa.'

[Isahluko sesi-4]

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

1.10 Ngokwalesi siqeshana osifundile, kungani lezi zitatimende ezingezansi zingelona iqiniso?

1.10.1 Odokotela batshela uSandanezwe ukuthi wangenwa yigciwane lesifo sofuba. (1)

1.10.2 UMbeje imithi yakhe wayeyilanda kwaMhlabuyalingana naseGhana. (1)

1.11 Ukuxolisa kukaNokulindela yize engenzanga phutha kulesi siqeshana kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.12 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi:

'Wanyamalalisa okomphefumulo, …' (2)

1.13 Ubukhona bukaNomgedla kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.14 Xoxa ngokucophelela ngobuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguNonkamfela kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

1.15 Ngokubona kwakho, yisiphi isifundo esafundwa nguSandanezwe emuva kokuhluleka kwezinyanga ukumelapha? (2)

1.16 Ukuba wena wawungomunye wezihlobo zikaSandanezwe wawuyomeluleka uthini mayelana nalesi simo sokugula ayebhekene naso? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C nono-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

UManyoba wayengakaze asebenze empilweni yakhe, ngaphandle kokusebenza isithupha, esingenancwadi yokuthi ubusebenzaphi, ngakho-ke kwadingeka ukuba akhulunyelwe umuntu wangakubo ukuze aqashwe. Le ncwadi yokumqasha iveza ukuthi uzohola malini. Ngemuva kwalokho wayiswa kodokotela ukuba bamhlole, bese eyoqala ukusebenza. Yena-ke waqala waba umashanyela ukuze azi kahle zonke izindawo efemini. Ntambama kwakujatshulwa ehositela kuculwa kugidwa kunjeya. Wonke umuntu ohlala kule bhulokhi ovela eMsinga eNatali wamjabulela.
Ekuseni njalo ngoMsombuluko kuvukwa kuqondwe esitimeleni kuyogitshelwa. Izinsizwa ziyacula lapha kanti futhi kukhona abashumayela ivangeli khona lapha esitimeleni. Kuya ngokuthi wena uhleliphi. Abanye baxoxa ngabafazi babo, besho nokusho ukuthi umfazi uyashaywa uma ebheda. Uma ucabanga kancane, ungaze ubalekelwe umfazi ulalela abantu behhema nje. Ziningi-ke izinto ezenzeka esitimeleni. Uma befika esiteshini lapho kwehliwa khona, ungathi yilapho isitimela siphela khona ngobuningi babantu abehla khona, kanti hhayi akunjalo kusazodlulwa kwezinye iziteshi. Wajwayela-ke naye uManyoba kule femu eyayakha izindwangu. Evuka nezinsizwa zangakubo njalo. Wasebenza isikhathi esingangonyaka engumashanela. Kwathi nje engazelele ngelinye ilanga, wabizwa yinduna yathi uyafuneka ehhovisi likaNdabazabantu, wethuka **kwabanda kwamancane**, wabuza: 'Sengenzeni nduna wangibizela ehhovisi likaNdabazabantu na?' Waphendula umfokaNgobese wathi, 'Hhayi! Ungesabi wena kaPhakade kagugi kafi, uyotshelwa izindaba ezimnandi.'

[Isahluko sesi-3]

2.1 UManyoba wazana kanjani noNgobese? (1)

2.2 Caphuna umusho okhombisa ukuthi izinsizwa zangakubo kaManyoba zakuthokozela ukuthola kwakhe umsebenzi. (1)

2.3 Ngokwale noveli, ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uManyoba wayewuthanda futhi ewunakekela umndeni wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

2.4 Kusho ukuthini ukuthi **kwabanda kwamancane**?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Wethuka kakhulu
B Wethuka wagodola
C Wethuka waquleka
D Wethuka wakhala (1)

2.5 Chaza ukuthi yini eyayenza kube nzima kuManyoba ukuthola impesheni yokuguga. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

2.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 2.6.1 | UNtombela | A | wayesebenza umsebenzi wokucwaninga. |
| 2.6.2 | Uvuthondaba | B | asisheshi ukuveza inkinga kaManyoba. |
| 2.6.3 | UDoda | C | wayenamakhosikazi amabili ayengazani. |
| 2.6.4 | Isingeniso | D | wayehlala ehamba noManyoba. |
| 2.6.5 | UCeli | E | uManyoba wawina iLotho. |

(5 x 1) (5)

2.7 Ngabe isihloko sale noveli ethi, *Kusinda Kwehlela Endodeni*, siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.8 Ucabanga ukuthi yini eyenza bugcine sebubuhle ubudlelwane phakathi kukaMaNdlovu nomzukulu wakhe uThembaluhle? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Izenzo zezinsizwa zangakubo kaManyoba ziyahambisana nendawo ezakhulela kuyo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

UMaNdlovu ngalesi sikhathi wayengasasebenzi, ehlala ekhaya nje. Umsebenzi wakhe kwakuwukulima amasimu, odedangendlale. Ukudla okwakulinywa kakhulu, kwabe kungummbila, ubhontshisi kanye namathanga. Okunye ayekwenza kwabe kuwukusika izidwaba azidayise emholweni wezalukazi. Amasimu akhe ayenokudla kakhulu ngoba ayenakekelwe kakhulu. Wayeqikelela ukuba ahlale ehlakuliwe njalo. Ilimo-ke kwakuyinto eyayisiza kakhulu uma sekuhlakulwa noma kubhandwa izindlu zokuhlala.
Wawumkhulu-ke umsebenzi wakhe naye ngoba nezinkomo zazeluswa nguye. E-Greytown isikole sasisikhulu ngoba sasiqala ebangeni lokuqala size siyogcina ebangeni leshumi.
Uthishomkhulu walesi sikole kwakunguMgoza, uswahla lensizwa eyayihamba iqonde. Lwalungafakwa lubuya nodaka. **IsiNgisi sasiphuma ngamakhala**. Uma uya ehhovisi lakhe, wawuhamba ucula, uhlafunisisa amazwi ozowasho ngesilungu kuyena. Kuyigcokama loqobo. Izingane zakhe uMchunu wazifaka kusona lesi sikole ukuze zingafani naye. UMchunu kwabuye kwadingeka ukuba abuye eMgungundlovu ngoba kwase kuzovulwa iDeli eMdlovana. Kwamsiza kakhulu lokho ngoba kwenza wakwazi ukuhlala nezingane zakhe emzini wakhe omusha. Wafika kulo msebenzi nalo ulwazi lomsebenzi, wayesebekwa ukuba abe umabhalane ehhovisi lakhe. Lokhu kwamenza waba nogqozi lokufunda. Wenza incwadi yeshumi ngoDamelin waphumelela noma kwakungekuhle kakhulu. Emsebenzini wayethembekile zonke izinto zibuzwa kuye njengomuntu owayevele esebenza lomsebenzi eMgungundlovu.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

[Isahluko sesi-7]

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

2.10 Ngokwalesi siqeshana osifundile, kungani lezi zitatimende ezingezansi zingelona iqiniso?

2.10.1 Ukudla okwakulinywa kakhulu endaweni yaseMdlovana, kwabe kuwubhatata, amadumbe namathanga. (1)

2.10.2 Uthishanhloko wesikole okwakufunda kuso izingane zikaManyoba wayenomusa. (1)

2.11 Isenzo sikankosikazi kaMjwayeli sokuhlukumeza uManyoba simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.12 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi:

'IsiNgisi sasiphuma ngamakhala.' (2)

2.13 Ubukhona bukaMaNene kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.14 Xoxa ngokucophelela ngobuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguThembaluhle kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

2.15 Ngokubona kwakho, yisiphi isifundo esafundwa ngamadodana kaManyoba emuva kokuba uyise ewine iLotho? (2)

2.16 Ukuba wena wawunguFanyana wawuyomeluleka uthini uMaNene uma ekutshela ukuthi akafuni umama wakho athandaze emzini wenu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-E no-F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Sifiso, kulukhuni kabi ukuba ngivele ngiyiyeke kanjalo indaba kaTholi. Angizenzi, ngisenkingeni enzima.'
'Noma ngabe inkinga yakho ingakanani ngeke ize ikwenze ukuba ufune ukuganwa umfelokazi. Bayamfuna futhi abafowabo bomkhwenyana. Uma uzisondeza kuTholi uzongena enkingeni ndoda.'
Wathula uBheki **amathe abuyela kwasifuba**. Wezwa ikhanda sengathi liyazimuka.
'Ngiyezwa Sifiso.' Washo maqede wasuka wahamba uBhekani.
Wabona ukuthi ubethi uphuma ekuhluphekeni, kanti sengathi uphonseka kokukhulu. Wagcina ezitshele ukuthi akayeke manje ukulokhu ekhuluma le ndaba noSifiso. Umqondo wakhe wazicabangela uTholakele. Wahleka yedwa ebona lobuya buhle ngamehlo engqondo. Wazitshela ukuthi kuyobe kungaqali ngaye ukushada nomfelokazi. Kwathi uma ecabanga ngoBhatomu wazitshela ukuthi uma bengahlangana kuyochitheka izishebo okungcono.
Esacabanga ngaleyo nto, kwashaya isikhathi sokuphuma kwesikole. Zaya kuBhekani. Wafica unina elele. Akabe esamvusa. Walungela ukuyohlangabeza uTholakele. Nebala baficana endaweni yabo. Bahambisana.
'Nanamuhla siya kwami?'
'Sihlale kahle izolo. Kungcono siye khona. Yimina engizokhipha imali yesiphuzo namuhla.'
'Ungazihluphi Bhekani. Waqala nini ukufundisa?'
'Ngisaqede iminyaka emibili kuphela.'
'Uyazi kimi sekumnandi nje ukuhamba nothisha! Ungathi ngiyaphupha.'
'Kungabe kungcono nokuba uthisha okhululeke nasemphefumulweni.'
Bake bathi ukuthula, uBhekani entshontsha uTholakele. Akukho lapho ayemsola khona ngobuhle.

[Isahluko soku-1]

3.1 UBhekani uhlobene kanjani noSifiso? (1)

3.2 Caphuna umusho okhombisa ukuthi uSifiso wayengahambisani nokuthi uBhekani athandane nomuntu wesifazane owashonelwa yindoda. (1)

3.3 Ngokwale noveli, ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uyise kaTholakele akayitholanga imali yelobolo? (2)

3.4 Kusho ukuthini ukuthi **amathe abuyela kwasifuba**.

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Waphelelwa amagama
B Wagwinya amathe
C Wathimisa amathe
D Wavuvukala isifuba (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

3.5 Chaza ukuthi yini eyayenza kungabi lula ukwenza amalungiselelo omshado phakathi kukaTholakele noBhekani. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.6.1 Izinsizwa ezimhlophe | A wayesebenza umsebenzi wobuthishela. |
| 3.6.2 Uvuthondaba | B kuvela inkinga kaBhekani. |
| 3.6.3 Izinsizwa ezintathu | C zangena sezimbophile uPamella. |
| 3.6.4 Isingeniso | D zashaya uBhekani ngeketango |
| 3.6.5 ULindiwe | E ukuboshwa kukaTholakele. |

(5 x 1) (5)

3.7 Ngabe isihloko sale noveli ethi, *Umshado*, siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.8 Ucabanga ukuthi yini eyenza umalume kaBhekani angabi ingxenye yabantu ababeyokhongela umshana wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Izenzo zikaTholakele ziyahambisana nendawo ahlala kuyo. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

'Wathula. Ucabanga ngalesi salukazi osishiye endlini?' Asho maqede ahleke uTholakele.
Axakeke nje uBheki uma ezwa uTholi ekhuluma kanje. Yena wazi ukuthi mdala kunoLindiwe.
'A ..., angicabangi sona. Ngimangazwa ukuthi nje bengingazi ukuthi ungase uzongilanda.'
'Uyabona-ke ukuthi ngiyakuthanda mntakwethu?' Asho maqede amphulule ezihlathini kancane uTholi.
Imoto yasheshe yafika endlini kaTholi. Behla oBheki. Bavalelisa kuPamella. Bangena endlini. Abheke etafuleni uBheki. Abone amaphilisi angakaze awabone. Athi lapho ezama ukubhekisisa awahlwithe uTholi. Angabe esabona nokuthi abekwephi. Asale nombuzo wokuthi nje ingabe awani. Wasola kakhulu ukuthi sengathi la maphilisi ayizidakamizwa. Umqondo wakhe ugijime uze ufike emalini eyayibalelwa khona lapha.
'Kanti awani la maphilisi Tholi?'
'Awamantombazane.'
'Usho ukuthini uma uthi awamantombazane?'
'Ungazikhathazi wakwami. Uma ufuna awezinsizwa ngingakutholela.'

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

> 'Yini sengathi nidayisa ngezidakamizwa nje Tholi?'
> 'Uyangiphoxa Bheki. Uma ungibuka nje ubona ngifanele ukuba yisigebengu?'
> 'Ngibona uwathatha uwafihla la maphilisi.'
> 'Sengiyisigebengu ngalokho. Uyazi ngajabha. Uyaqala ukungiphoxa kanje wakwami.'
> UBheki abone ukuthi wonile manje kuTholi. Noma le nto ibimcasulile kodwa abone ukuthi **akehlele ngezansi**.
>
> [Isahluko sesi-5]

3.10 Ngokwalesi siqeshana osifundile, kungani lezi zitatimende ezingezansi zingelona iqiniso?

3.10.1 UBhekani wayenalo ulwazi lokuthi uLindiwe mdala kunoTholakele. (1)

3.10.2 Ngesikhathi sebengenile endlini kaTholakele ngalolu suku uBhekani wabona imithi angakaze ayibone. (1)

3.11 Ukuxolisa kukaBhekani kulesi siqeshana kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.12 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi:

'... akehlele ngezansi.' (2)

3.13 Ubukhona bukaBhatomu kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.14 Xoxa ngokucophelela ngobuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguLindiwe kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

3.15 Ngokubona kwakho, yisiphi isifundo esafundwa nguBhekani emuva kokuboshwa kukaTholakele ngosuku lomshado? (2)

3.16 Ukuba wena wawungomunye wabangani bakaBhekani oyazi yonke imikhuba kaTholakele wawuyomeluleka uthini umngani wakho mayelana nezinto ezimbi ezenziwa yintombi yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

| | |
|---|---|
| DUMA: | *(aphakamise izandla sakumisa uMbandlwa)* Yima! Yima! Mbandlwa. Phela ithutshana yisikhashana nje. Kodwa ngithe sengiphuma ngahlangana noMchunu oyikhansela. Yena utshengise **ukunengwa** ngalesi simo. Uthe amaphoyisa nawo angabamba iqhaza ngokuthi abe khona njalo uma ngifuna ukuhlangana nabantu ngaphandle kokuthikaziswa. |
| MBANDLWA: | *(amkhombe ngomunwe)* Uyabona-ke, lowo muntu unomqondo osheshayo. Indaba yethutshana iyidilayi. Thina asicele amaphoyisa aqaphele isimo uma sinomhlangano. |
| DUMA: | Lalela phela. UMashezi usephendukile. Wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela uyatwetwa manje. Uze wathi kungabangcono uma mina ngingazehlisa enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. Hheyi! Wethuke ngempela uMaShezi. Ngethukile ngoba ngiyamazi umkami. Ubebhodla umlilo ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipina. |
| MBANDLWA: | *(asukume)* Uyadlala uMaShezi! Hhayi bo! Senzeni? Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye emaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo. Ngeke amaphoyisa akwenzele phansi. Akekho umuntu ongazithela emaphoyiseni ewabona. Uyabona, lowo mhlangano uyokunika amandla ngoba uyonunusela abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe … |

[Inkundla yesi-4]

4.1 Unasikhundla sini uDuma kule ndawo? (1)

4.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayenza ukuthi uMbandlwa angahambisani nemibono kaMaShezi? (1)

4.3 Chaza ukuthi lisho ukuthini igama '**ukunengwa**'?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukujabula
B Ukucasuka
C Ukuhleka
D Ukukhathala (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

4.4 NgokukaMchunu yini uDuma ayengayenza uma efuna umhlangano uhlale ngempumelelo? (1)

4.5 Chaza ukuthi walimala kanjani uMbandlwa ngosuku lomhlangano wentuthuko owawusesikoleni. (2)

4.6 Ngokwalo mdlalo, uMaShezi kuthiwa wahamba emzini wakhe waphindela kubo KwaMashu. Yini le eyenza ukuba ahambe? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 4.7.1 | Ohlange | A | Isemahhovisi kaHulumeni kazwelonke |
| 4.7.2 | EMgungundlovu | B | Isikole okwabanjelwa kuso umhlangano |
| 4.7.3 | ENdabuzekwayo | C | Isikole uDuma afunda kuso |
| 4.7.4 | EPitoli | D | Kukhona uMnyango wazamaKhosi |

(4 x 1) (4)

4.8 Nikeza isizathu esenza ukuthi inkosi uShandu ingakwazi ukudingisa uMbandlwa. (2)

4.9 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani bese uyasekela ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye:

4.9.1 UMbandlwa (2)

4.9.2 UMaNgema (2)

4.10 USayitsheni wakhombisa ubuqotho ngesikhathi ekhoselisa uDuma esiteshini samaphoyisa. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

| | |
|---|---|
| NOGADA: | *(sakukhuleka)* Ekhaya! Ekhaya! |
| DUMA: | *(sakumangala)* Ubani-ke lowo? *(aqondise komemezayo)* Ngena! **(Kungene unogada wenkosi.)** |
| NOGADA: | Siyabonana mndeni wakwaDuma. |
| DUMA: | Yebo ndoda. Sengathi ngiyakwazi nje ndoda. |
| NOGADA: | *(ngenhlonipho)* Yebo baba, uyangazi. Mina ngingunogada wenkosi. |
| MBANDLWA: | *(ahlahle amehlo futhi inkulumo igcwale indelelo)* Yebo, siyakwazi. Manje ufunani lapha? |
| MASHEZI: | *(uthukuthele futhi ubuka uMbandlwa ngeso lengulube)* Kahle bo Mbandlwa! Lo muntu akezile kuwe. *(aqondise kunogada)* Usivakashele ngani muntu wenkosi? |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | |
|---|---|
| NOGADA: | Ngithunywe nguNdabezitha kubaba uDuma. |
| DUMA: | *(abuyise izihlonzi maqede akhulume ngolaka)* Hheyi wena, angidinge myalezo wenkosi mina lapha! Angithi yona ingisasazela ngale nduna yayo enguDlamini! Angithi mina angikwazi ukwenza umsebenzi wami ngenxa yayo? |
| MBANDLWA: | *(asukume, akhulume ngolaka ekhomba unogada)* Habe! Habe! Habe! Ubaba yini? Hheyi wena ndoda! Bona oze ngayo khona manje. |
| MASHEZI: | *(asukume maqede akhombe uMbandlwa ngonkomba wesokunene bese ekhuluma ngolaka)* We Mbandlwa! Kukwami lapha! Ngithi, kukwami lapha! Nawe unekini! UDuma ngeke ahlothoziswe nguwe. Hlala phansi uthule noma uphume uphele lapha kwami! *(ahlale phansi bese eqondisa kunogada)* Shono muntu wenkosi. Uthini uNdabezitha? |
| DUMA: | *(ethukuthela)* We MaShezi! Ubani umnumzane kuleli khaya? Ungalingi ukhulume ngaleyo ndlela kuMbandlwa. UMbandlwa ngunobhala wami futhi sisuka kude naye ... |

[Inkundla yesi-6]

4.11 Bhala isisusa sodweshu phakathi kukaMaShezi noMbandlwa kulesi siqeshana. (2)

4.12 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana osifundile? Sekela impendulo yakho. (2)

4.13 Chaza isizinda ngokwesimo senhlalo kulo mdlalo. (2)

4.14 Umhlangano wokuletha uxolo wayixazulula kanjani inkinga yommeleli? (2)

4.15 Ngokwakho ukubona sikhona yini isidingo somlingiswa onguDabula kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.16 Phawula ngomyalezo oqukethwe yilo mdlalo. (2)

4.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguDuma kule nkinga yokujahwa abantu ababezwelana nenkosi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(NgeSonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangene ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)*

| | |
|---|---|
| MFUNDISI: | *(Ngokuzithoba)* Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla. |
| MANSIBANDE: | Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso. |
| SONTO. | Akanankinga umyeni wami, uyathanda ukusiza. Ngizowudlulisa kodwa umyalezo. |
| MFUNDISI: | Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa. |
| MANSIBANDE: | Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane, nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebe ningi ngayo. |
| MFUNDISI: | Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamaSonto? Phela ibivamise ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele usebenza ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo. |
| MANSIBANDE: | Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange. |
| SONTO: | Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofika ayifake esisefeni sebandla. |
| MFUNDISI: | Yebo bantabami, ngiyanizwa. Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigilamkhuba **zingenzakalise**. |
| MANSIBANDE: | *(Emoyizela)* Bengivele ngizokubeka baba. |
| SONTO: | Nginganiphinda yini ngokuphuzwayo? |
| MANSIBANDE: | Hhayi dadewethu, ilanga lishonile manje. Kodwa phela angazi kubaba uMfundisi. |
| MFUNDISI: | Usho ukuthi selishone ngaleyo ndlela? Cha, akusenani umphimbo usuyogwinya wona amathe. |

[Inkundla yoku-1]

5.1 Unasikhundla sini uMaNsibande ebandleni? (1)

5.2 Yini eyenza ukuthi imali yomnikelo ibalelwe emzini kaMbhele ngalolu suku? (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

5.3 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi **zingenzakalise**.

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukujabulisa
B Ukulimaza
C Ukuthusa
D Ukuhlekisa (1)

5.4 Wathini uMaNsibande mayelana nokwakumele kwenziwe ngemali yomnikelo ngalolu suku? (1)

5.5 Chaza okwenzeka ngesikhathi uMthofi efika okokuqala emzini kaMbhele. (2)

5.6 Ngokwalo mdlalo, uSonto kuthiwa wabaleka emzini wakhe. Yini le eyenza ukuba abaleke? (2)

5.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 5.7.1 | Emahhovisi abameli | A | UMfundisi wabanjwa inkunzi. |
| 5.7.2 | Emzini kaMbhele | B | UMaMkhize uzobona uSonto. |
| 5.7.3 | Esitokisini | C | USonto ukhuluma indaba yefa. |
| 5.7.4 | Endlini yesonto | D | Miningi imikhuba eyayenzeka khona. |

(4 x 1) (4)

5.8 Nikeza isizathu esenza ukuthi uSonto angahambi namalunga ebandla ayeyolanda uMfundisi esibhedlela. (2)

5.9 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani bese uyasekela ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye:

5.9.1 UMthofi (2)

5.9.2 UZinhle (2)

5.10 UNhleko wakhombisa ubuqotho ngesikhathi enqabela uSonto ukuthi angene egunjini okwakulaliswe kulo uMfundisi esibhedlela. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ISIQESHANA J**

NHLEKO: Nenzani la nezibhamu? *(Ngolaka)* Khulumani, nifunani la? Phendulani ngingaze nginibophe nginifake ozankosi. Wena Mthofi awukhathali ijele, uqeda kuphuma ejele usufuna ukubuyela futhi?

TORONTO: *(Esho ngelidakiwe.) Vader* le nkosikazi isikweleta imali enkulu kabi.

MTHOFI: *(Emthulisa)* Vala umlomo wena, musa ukukhuluma izinto ezingabuzwanga muntu.

NHLEKO: Ngilalele, unikweletani?

MTHOFI: Hhayi, ungamnaki lona, wenziwa yile nsa ... yilobu tshwala abuphuzile.

NHLEKO: Nibhema nensangu ninjalo nje? Kuningi engizonibophela khona nina. Kukabili-ke, nitshela mina noma nizotshela inkantolo.

TORONTO: *(Ebuka uMthofi.)* Mfowethu mina angifuni ukuboshwa, asikhulume iqiniso.

MTHOFI: Ngithe yidla ushathaphu wena! *Vader*, kade aqala ukungikweleta mina lo muntu.

NHLEKO: Ukukweleta ini?

MTHOFI: E ... eyi, yindaba ende.

NHLEKO: Cha, ngiyabona ukuthi nifuna ukuchazela inkantolo. Asihambeni-ke, seniyokhuluma phambili.

TORONTO: Khuluma iqiniso Mthofi singaze siboshelwe ubala ...

MTHOFI: Le nkosikazi ...

NHLEKO: Sengizwile ukuthi le nkosikazi, sengifuna ukwazi ukuthi wamenzelani. Walokhu ugida endaweni eyodwa nje?

MTHOFI: Wathi angimenzele umsebenzi othile.

NHLEKO: Ngilalele ndoda.

MTHOFI: Njengoba bengiboshiwe nje, bengiboshelwe yena.

NHLEKO: Uchaza ukuthini?

MTHOFI: Lo doti wangithenga ukuba ngibulale umkaMbhele.

NHLEKO: Ubulale umkaMbhele? Uqinisile ndoda?

MTHOFI: Ngiqinisile, ngadonsa *fifteen years* wonke, kodwa lo doti ujika uyangi ...

NHLEKO: *(Ekhuluma uMthofi engakaqedi ukukhuluma.)* Usenikhokhele ngokubulala umyeni wakhe?

[Inkundla yesi-3]

5.11 Bhala isisusa sodweshu phakathi kukaNhleko noMthofi kulesi siqeshana. (2)

5.12 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana osifundile? Sekela impendulo yakho. (2)

5.13 Chaza isizinda ngokwesimo senhlalo kulo mdlalo. (2)

5.14 Ukukhuluma koMthofi iqiniso ngesikhathi beficwa uNhleko emzini kaMbhele kwayibhebhethekisa kanjani inkinga yommeleli? (2)

5.15 Ngokwakho ukubona sikhona yini isidingo somlingiswa ongunesi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

5.16 Phawula ngomyalezo oqukethwe yilo mdlalo. (2)

5.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMbhele njengoba avelelwa yinkinga yokubulawa ngoMthofi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(UThenjiwe noThabi basekhishini bayasebenza, bayaxoxa)*

| | |
|---|---|
| THABI: | Ujabule sisi ngoba uvakashelwe umngani wakho izolo? |
| THENJIWE: | Akukho kujabula engibe nakho Thabi. Ingani abantu basuke bangikhumbuze indaba endala. Kodwa-ke umngani wami uzamile izolo. |
| THABI: | Kufanele ngibone uhleka kucishe kuvela elomhlathi impela. |
| THENJIWE: | Vele uGugu unamahlaya. Angakuhlekisa ngoshi ucashile. |
| THABI: | Ngethemba ukuthi akashongo ukuthi hamba lapha ekhaya. Uma esho njalo, ngitshele ngiqale ukumzonda manje nje. |
| THENJIWE: | Cha akashongo ukuthi angihambe. *(Ambukisise)* Into enhle naye kodwa ungiphile iseluleko esincane. |
| THABI: | Besithini leso seluleko sisi. Yena uGugu akayiboni le ndaba yami noDumisani. |
| THENJIWE: | Uhlupha ngoba awuzwa wena. UDumisani usemncane kabi Thabi. Okwesibili nami angikwazi ukuwezela uthando lomunye umuntu komunye. |
| THABI: | Ngiyayizwa le nto oyishoyo sisi. Into nje engiphethe kabi ukuzwa ukuthi ungase usishiye lapha ekhaya. Lokho kungangiphatha kabi ngize ngiyofa. |
| THENJIWE: | Noma ngihambile phela ngingabuye ngifike nje nginivakashele. |
| THABI: | Kodwa umama yena uthini? |
| THENJIWE: | Mayelana nani? |
| THABI: | Nayo phela le ndaba. |
| THENJIWE: | Cha abakasho lutho abadala. |
| THABI: | Ngiyakuhlebela nje sisi. Ngibezwile mina bethi kufanele ungahambi. Baze bagcizelela impela ukuthi uma uthi ucela ukuya ekhaya ngeke bavume. |
| THENJIWE: | Kulezi zinsuku Thabi kukhulunywa indaba yamalungelo. Nami-ke ngibona ukuthi yilungelo lami ukuba ngibuyele ekhaya uma engasekho engangize ngaye lapha. |

[Inkundla yoku-1]

6.1 UThenjiwe uhlobene kanjani nalo mndeni wakwaZungu? (1)

6.2 Yini eyayenza ukuthi uThenjiwe angabi nokujabula uma evakashelwe abantu abazombona? (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

6.3 Chaza ukuthi kusho ukuthini **ukuba namahlaya**?

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Ukuxoxa izindaba zabantu
B Ukuxoxa izindaba ezinamancoko
C Ukuxoxa izindaba ezidabukisayo
D Ukuxoxa izindaba ezingamanga (1)

6.4 Wathini uThenjiwe ngesikhathi uThabi emtshela ngendaba yokuthi kumele angenwe nguDumisani? (1)

6.5 Chaza okwenzeka ngesikhathi uNondumiso efika okokuqala emzini kaManzini. (2)

6.6 Ngokwalo mdlalo, uThenjiwe waduba wahamba emzini. Yini le eyadala ukuba ahambe kwaZungu? (2)

6.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.7.1 Ezitolo | A UThenjiwe uhlangana noMaNzuza. |
| 6.7.2 Ejele | B kwafika uMaMbatha ekhala. |
| 6.7.3 KwaMondise | C kuhlangana uGugu noThenjiwe. |
| 6.7.4 Endleleni esuka kwaZungu | D UThenjiwe uvakashela uSipho. |

(4 x 1) (4)

6.8 Nikeza isizathu esenza ukuthi uMondise angavumi ukuthi uThenjiwe abuyele ekhaya. (2)

6.9 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani bese usekela ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye:

6.9.1 UNondumiso (2)

6.9.2 UMaMkhize (2)

6.10 Abomthetho bakhombisa ukungabi nobuqotho ngesikhathi bebeka uSipho icala lokonisa uThenjiwe emzini. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQESHANA L

*(UThenjiwe usebuyile emzini uhlezi endlini ukhuluma yedwa)*

THENJIWE: Angikaqedi ngisho usuku lodwa lolu lapha ekhaya, kodwa angisakhulule kile nje. Usizi selungigubezele futhi. Waze wangishiya kabi uSikhumbuzo madoda. Izinto zitshekile ezweni. Hawu kodwa ngoSipho. Uyazi akalifanele ijele. Kodwa ngingamkhipha kanjani. Kuzofuneka ngimvakashele. Ngiyamzwela umntanomuntu. Ugogo ukhulume amagama amabi nje. Ungiqalekisile. Kodwa ngoba uDumisani angimfuni nje. Awubheke uSipho uboshwe ngenxa yakhe. Angibizwanga ngisho sekuthethwa icala. Waboshelwa amanqina enyathi uSipho. UDumisani ngizomenzenjani. Uma esaphila angiboni kujabula emphefumulweni wami. Sengathi kuzofuneka ngimsuse. Kokunye sengizidonsela amanzi ngomsele nje. Lutho. Uma engekho ngingaphumula. Yini engcono? Isibhamu? Ummese? Angikaze ngizisebenzise lezi zinto. Uphoyizeni ngingawuthathaphi. Hhayi ngizobona. Kungcono ngoba wenzelwa yimi zonke izinto njengoba eseqhinwe ingalo nje. Ukubulala kuyisono. Kodwa ngizophumula kanjani ekuhluphekeni? Ngizobulala kube kanye. Asikho isono esingathethelelwa. Uyothini ubaba kodwa? Naye akangisizanga ngalutho nje. Kodwa yena uDumisani akafuni ngani intombi ezomgana? Ngabe wayelinde isiko? Uyaganga. Uzokuthola akufunayo. Uzoyosika ilala manje. Ngiyasola sengathi ngizobolela ejele noSipho. Kulukhuni emhlabeni. Ake ngiyopheka. *(Asukume ahambe.)*

[Inkundla yesi-4]

6.11 Bhala isisusa sodweshu kulesi siqeshana. (2)

6.12 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana osifundile? Sekela impendulo yakho. (2)

6.13 Chaza isizinda ngokwesimo senhlalo kulesi siqeshana. (2)

6.14 Ukukhuluma iqiniso kukaThabi mayelana nesenzo sikaThenjiwe sokufakela uDumisani ushevu etiyeni kwayibhebhethekisa kanjani inkinga yommeleli? (2)

6.15 Ngokwakho ukubona sikhona yini isidingo somlingiswa onguMaNzuza kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.16 Phawula ngomyalezo oqukethwe yilo mdlalo. (2)

6.17 Uyazwelana yini nomlingiswa onguDumisani njengoba agwazwa nguSipho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Wakubona wakubeletha' ebhalwe ngu-MT Mkhize
- 'Umakhonya' ebhalwe ngu-Sakhile Bhengu

### UMBUZO 7: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfishane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye ungalisebenzisa njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

7.1 **'WAKUBONA WAKUBELETHA' – MT Mkhize**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

USonhlalakahle wethembisa ukuthi yona imali uHulumeni aye ahlangabezane ngayo nomngcwabo ayiyimbi kakhulu. OkaMageba wabuza kuMaKhumalo ukuthi uthini, wathi naye akazi. Kwafika izwi ngaphakathi kuyena uZulu elathi makavume ukuthwala umngcwabo engazi ukuthi uyothini lapho sekuqhamuka abomndeni kaCele emva kwesikhathi bezomfuna kuyena.
'Uma-ke nivuma ukungcwaba uCele nina bakoMageba, kuzodingeka ukuba kube negodi elisemangcwabeni anezinombolo zikaMasipala ukuze kwaziswe amaphoyisa, kuthi nezihlobo zakhe zimthole kalula uma kwenzeka zigcina sezifuna iliba lakhe.'
'Kunganjani-ke emangcwabeni aseZinkawini kuWiggins Road Mnumzane Mbonambi?' kubuza uZulu.
'Inkinga kayikho uma nje sizokwazi ukuthi ungcwatshwe kuphi. Sizokuya emaphoyiseni-ke ukuze uthole izincwadi ezifanele nezikunikeza igunya lesidumbu,' kusho uSonhlalakahle ethatha amaphepha akhe ebhala, eqhubeka ethi: 'Kuyothi ungaqeda-ke ukumngcwaba ulethe zonke izincwadi zezindleko zakho njengezemoto ethwale isidumbu, ibhokisi, ukudla, amakhaza kanye nokuqashwa kwamabhasi uma kukhona. Thina lokho sesiyokwedlulisela eminyangweni efanele yakwaHulumeni ukuze unxephezelwe.'
Baphuma emahhovisi kuduma amakhanda bengakhulumisani abakwaMageba. Sebebhalisile nasesiteshini samaphoyisa bayithola imvume yesidumbu. Inkinga yaba sekutholeni izindleko zabangcwabi. Bazama kubangcwabi abambalwa eThekwini kodwa besho izimali eziqhuma phezulu.

[Ikhasi lesi-7]

7.1.1 Bhala isithakazelo sakwaZulu esitholakala kulesi siqeshana. (1)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

7.1.2 Bhala isizathu sikaSonhlalakahle sokuchaza imigomo nemibandela yokungcwaba uCele. (1)

7.1.3 Yini eyenza ukuthi uMaKhumalo angathandi ukuba bathwale izindleko zomngcwabo kaCele? (2)

7.1.4 Nikeza okwakufanele kwenziwe uZulu ukuze abuyiselwe izindleko zakhe zokungcwaba uCele. (2)

7.1.5 Yini eyayikhombisa ukuthi uCele wayenenhliziyo enhle? (2)

7.1.6 Chaza ngomphumela omuhle wokusiza abantu. Impendulo yakho ibhekise kokwenzeka kule ndaba. (2)

7.1.7 Chaza ukuthi kungani sithi uZulu ungumlingiswa omkhulu kule ndaba emfishane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.8 Ngokubona kwakho, yini eyenza ukuthi uCele agcine esephuza utshwala abheme nezidakamizwa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguZulu sokungcwaba umuntu angahlobene naye singenzeka yini empilweni yangempela? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

7.2 **'UMAKHONYA' – Sakhile Bhengu**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Baxabana nje oMakhoba nomkakhe uMaNdelu akekho yena uMvuseni. Usanda kufika naye uMakhoba evela emsebenzini njengoba ebuya kanye emva kwamasonto amabili. Ulele nje uyacabanga. Ucabanga le ngane eyedelela izwi lakhe. Ngeke kwenzeke lokho okufunwa nguMvuseni uma esengaphansi kwakhe. Ngeke adelelwe yingane yena. Ungubani kanti? UJoko? Ngabe akwenziwa lutho ngempela. Isho ukuthini le ngane uma ithi bona bangabantu bokudediswa endleleni ngoba bavimbele izinguquko? Izinguquko zani zona lezo? Empeleni zazini lezi zinto ngezinguquko ngoba zazi ukuhuqana nensangu zigoxane notshwala ebese zicabanga ukuthi sezihlakaniphe ngaphezu kwabo? Yimihlolo! Uma le ngane ingawuguquli lo mqondo wayo obolile kuhle ngempela iphume umuzi wayo. Uma kungenjalo, kukhona okusina kuyijeqeza. Izinkunzi ezimbili azikaze zihlale esibayeni esisodwa, futhi akusoze kwenzeka lokho.
Liphuma nje ikhwezi usephapheme uMakhoba. Uselinde ukuba kuphume ilanga ebese evuka. Namanje usafuthelana. Ude ethatha ebeka. Akakaze edelelwe yingane ngalolu hlobo. Kambe le ngane ingenwe yini? Uthi ayisingenwa ngukuqula okuthile nje? Cha, ngeke, iyedelela nje. Ngukweyisa lokhu. Nakanjani kumele abukhiphe lobu bushinga asezibona ukuthi uyibo

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


> uMvuseni. Kumele amkhombise ukuthi akalona iqhawe yena, kodwa uyisijwana. Akehlukile kumntwana wemfene.
>
> [Ikhasi lama-144–145]

7.2.1 Ubani unkosikazi kaMakhoba? (1)

7.2.2 Wayephumaphi uMakhoba ngalolu suku? (1)

7.2.3 Bhala izinto EZIMBILI athi uMakhoba zenziwa yilezi zingane ezicabanga ukuthi zihlakaniphe kakhulu kunabo. (2)

7.2.4 Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uMakhoba ucasulwa amagama kaMvuseni ocabanga ukuthi bami endleleni yoshintsho. (2)

7.2.5 Chaza lezi zihlokwana ezilandelayo ubhekise kule ndaba emfishane:

(a) Ukuqoqeka kwesingeniso (2)

(b) Inani labalingiswa (2)

7.2.6 Ucabanga ukuthi kuyiqiniso yini ukuthi uMakhoba akanabo ubuntu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.2.7 Isiphi isixwayiso nezeluleko owawungasinikeza uMakhoba mayelana nalokhu ayefuna ukukwenza endodaneni yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.2.8 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMvuseni kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS
SC/NSC – Confidential

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**USIBA – Nomthandazo C Makhanya**

Usiba oluchanyuselw'okwechwane
Ezinzulwini zoMgungundlovu,
Lwabhul' amaphiko okokhozi,
Amaqaphelo luwakhomba magumb' onke,
Lwandizel' emifuleni yesifundazwe
Luyodlisela ngombala luthib' ukoma.
Lusingwe yiMfolozi yahalalisa,
Lwasingwa wuThukela lwahalalisa,
Lwasingwa nguMngeni wahalalisa,
Lwasingwa nguMkhomazi wahalalisa,
Lwasingwa uPhongolo lwahalalisa

Dlondlobala luSiba lwezifundazwe,
Bhul' amaphiko ezifundazwe.
Inyoni yezimangaliso engenamingcele
Eth' ikhonjwa kwelakwaMthaniya,
Ibe ikhonjwa koGauteng,
**Ikhonjwa** koMpumalanga,
**Ikhonjwa** koLimpopo,
**Ikhonjwa** koMpumalanga Kapa,
**Ikhonjwa** koFleyisitata.
Jubalala Makhonjwase wezimangaliso,
Nyoni elandel' izigi zeLembe.

Nyoni yezimangaliso
Bayajabul' abangakuchaza uchazeke,
Nyoni engakhethi zilimela,
Nyoni engakhethi zindawo.
Nyoni eqhamuk' ehlanzeni
Amadlanga ahlokome!

Iqhamuk' emaweni
Amahlolamvula ahlokoma,
Iqhamuk' ezinkangala
Amahlalanyathi ahlokoma,
Iqhamuk' emihlangeni
Imizwilili yahlokoma,
Iqhamuk' emasimini
Izintaba zahlokoma.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



SC/NSC Confidential
This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

Ndiza nyoni yezimangaliso!
Usingw' ezizalweni zeGwa,
Usingw' ezingonini zeSangqu,
Usingw' ezizibeni zoBhalule,
Usingw' emaxhaphozin' eTshwane,
Usingw' ezinkalweni zoMgwenya.
Dlondlobala nyoni yezimangaliso,
Nyoni engagcwalelwa yimifula,
Nyoni elandel' imikhondo
Yezigi zeLemb 'eleq' amanye.

Nyoni eyelusw' ichanyuselwa,
Yanakekelw' okwezaMantungwa
Ngamahlahlandlela kwezosiba,
ONkwali yenkosi kuManyembezi,
OMphemba kuMabhele,
OSikhangane kuMathiyane,
OThabizolo kuMasimango.
Dlondlobala njalo lusiba
Oluxhumanis' izinkalo zezwe,
Lwaxhumanisa abanambith' eleLembe.

8.1.1 Bhala imigqa evulekile esitanzeni soku-1. (2)

8.1.2 Gagula amagama AMABILI emifula atholakala esitanzeni soku-1. (2)

8.1.3 Bhala imigqa EMIBILI enokuxhumana maphakathi esitanzeni sesi-3, bese udwebela amagama aveza ukuxhumana maphakathi. (2)

8.1.4 Tomula imvumelwano siqalo etholakala esitanzeni sesi-4. (2)

8.1.5 Nikeza isifenqo esitholakala emgqeni wesi-3.

Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

A Isenzasamuntu
B Ihaba
C Isenzasasilwane
D Isifaniso (1)

8.1.6 Khipha imigqa enalezi zincazelo ezilandelayo enkondlweni:

(a) Imisebenzi yoSiba itholakala kuzo zonke izindawo ayivinjwa yilutho. (2)

(b) Udumo lwemisebenzi yoSiba lufana nodumo lweNkosi uShaka. (2)

8.1.7 Yethula isizathu sokuphindaphindwa kwegama elibhalwe ngokugqamile esitanzeni sesi-2. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

8.1.8 Xoxa ngesigqi sale nkondlo. (3)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**INGQALABUTHO – DW Nxumalo**

Ingqalabutho, umzukulu kaMakhwatha
UMshini noLeah babeziqhweba inqulu,
Ngengqalabutho kaZulu.
Wabhul' umbethe nonhlevu
Nawe Groutville awumncanyana.
Engathi sihaya nje uwe
Owasifundisa ukuhaya ngesimanje.

Wabhul' umbethe ngenkondlo kaZulu,
Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho
Inkondlo kaZulu yavusa uZulu
Inkondlo kaZulu yacathulisa uZulu
Wayikhomba indlela kaMakhwatha
Wayikhomba inyathuko njengomholi
Sikhuleka kuMshini beno-Leah.

Emva kweshumi leminyaka,
Inkondlo kaZulu yelanywa,
Ilanywa Amal'e Zulu
Amal' eZulu akunika izimpiko
Wadlondlobala kwajabha izimfamona
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando.
Sibongela uMshini noLeah.

Kwale noma bekucokofula
Abamhlophe nabansundu
Thina sithi akusoka lingenasici
OTaylor benomlingani wakhe uGerard
Babethi bakwehlisa isithunzi
Kanti bakushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi
Sibonga isisu sakho Leah.

Izimbong' eziningi zikushayel' ihlombe
Zitus' ikhono, ingqayizivele
Zith' uVilakazi ingqalabutho
Enyunivesi yabamhlophe abelungu.

Nakuba ilanga lashona useliguqa,
Ukulwile ukulwa okuhle
Umzabalazo wakho usezandleni zethu,
Imbenge owayiqalayo,
Siyosala siyiphetha.
Izinyembezi esakukhapha ngazo
Namuhla ziyintokozo nethemba.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

8.2.1 Nikeza umyalezo wale nkondlo. (1)

8.2.2 Iqondeni imbongi ngalokhu ekushoyo emigqeni wesi-4 kuya kowesi-5?

'Wabhul' umbethe nonhlevu
Nawe Groutville awumncinyana.' (2)

8.2.3 Bhala umugqa OWODWA otholakala enkondlweni ositshela ukuthi imbongi yadlulisela ulwazi nobuciko bokuhaya izinkondlo. (2)

8.2.4 Fingqa ngephuzu ELILODWA okushiwo yimbongi esitanzeni sesi-6. (2)

8.2.5 Ithoni yale nkondlo ithoni yokutusa/eyokuncoma. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.6 Nikeza umoya wale nkondlo bese wesekela ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.7 Chaza okushiwo yimbongi emgqeni wama-30. (2)

8.2.8 Imbongi iphumelele ukusebenzisa i-enjambamenti emgqeni wama-35 kuya kowama-36. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.2.9 Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuthi umuntu angapheli amandla uma kukhona abantu abamgxekayo kulokho akwenzayo? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African